AMACULO AKWETHU

UTHANDO LUKABABA

Uthando lukaBaba
Lunjengolwandle bo,
Lubanzi lujulile
Luyazeka yini pho?

Lwafinyelela kimi
Ngisezonweni zam‘
Alwaze lwangedlula,
Lwangisindisa nam‘.

O, Baba, ngiyabonga
Nangenhliziyo yam‘,
Sengiyavuma ngithi
UnguMsindisi wam‘.

Ngizokwethemba njalo
Ngisesemhlabeni,
Ngizokukhonza futhi
Ngothando enhlizwen‘.

HLENGIWE

Hlengiwe – limnandi leli zwi,
Hlengiwe ngegazi leMvana,
Hlengiwe ngomusa nothando;
Ngenziwe sengaba ngumntwana.

Hlengiwe, hlengiwe,
Hlengiwe ngegazi leMvana;
Hlengiwe, hlengiwe,
Ngenziwe sengaba ngumntwana.

Hlengiwe – o, yek‘ intokozo,
Ulimi lungephumisele
Lokh‘ engikuzway‘ enhlizweni,
Kumnandi, kumnandi, igcwele.

Ngimkhumbul‘ uJesu, uMhlengi,
Ngimkhumbul‘ amalanga onke;
Ngihuba, ngihamb‘ endleleni
Ihubo lezinsuku zonke.

Ngiyazi ngombona masinya,
Ishilo kanjalo iNkosi;
Nxa eselilanda iBandla,
O, yeka, bukhul’ ubukhosi!

Ngiyazi ikhona nemqhele
Eyibabekelwe abayo;
Izowaqhelis’ amaqhawe,
Ngosuk’ olukhul’ oluzayo.

ESANDLENI SOMUSA

Ngomsindis’ onami la empini,
Ngiyagcinwa noma kungathini.
Ungisith’ ezivunguvungwini
Esandleni somusa.
Esandleni somusa,
Esandleni somusa,
Ngiyagcinwa noma kungathini,
Esandleni somusa.
Ungigona ngezingalo zakhe
Ngiyathokozisw’ amazwi akhe,
Ngiyalondwa ngobuqhawe bakhe
Esandleni somusa.

Yena akasoze angiyeke,
Ngingehlwithwe futhi kuye, ngeke;
Ngoba ungiphethe ngesineke
Esandleni somusa.

YEKA INHLANHLA

We Bathandwa, yek' inhlanhla
Yokukholwa nguy' uJesu,
Nokuphathw' ezakh' izandla,
Asiyis' ekhaya ngale
Thula manje, we nhliziyo,
Sengifun' ukulalela
Leli lizwi elimiyo
LoMsindis' owangophula.
Emhlaben' izinhlupheko
Zithikaz' ihubo lethu,
Kodwa lapho zingasekho
Yoqhubeka inhlokomo.

Lapha njalo sehlukana
Kuyavam' izinyembezi,
Kodwa lapho sohlangana
`Yoba nkulu intokozo.

Ma' ngabikho osalayo
Mhla `bangcwele sebebizwa;
Nxa iNkosi ivalayo
Angabikh' odumalayo.

KANYE NAWE NKOSI YAMI

Namhla ngiyaqhutshw' umoya
`Kuthandaza, Nkosi yami;
Ngiyacela, mangihambe
Kanye nawe, Nkosi yami.

Kanye nawe, Nkosi yami,
Kanye nawe, Nkosi yami;
Mangihamb’ imihla yonke
Kanye nawe, Nkosi yami.

Angifun’ eyam’ indlela,
Mayiphel’ intando yami;
Mangihambe mina kodwa
Kanye nawe, Nkosi yami.

Angifisi yon‘ imfuyo
Ize kimi, Nkosi yami;
Ngicebile, he, kakhulu
Nxa ukimi, Nkosi yami.

Nom’ indlela inohlupho
Noma inde, Nkosi yami;
Noma iya eGolgotha,
Ngiye nawe, Nkosi yami.

Lilungil’ ijokwe lakho,
Awuhluph’ umthwalo wami;
Ngiyabonga ngisahamba
Kanye nawe, Nkosi yami.

NGAPHESHEYA

Ngomsa wakh’ omkhulu
uyosiholela
Embuswen´ wezulu
ngaphesheya;
Nom´ indlela yakhe
idin´ umntanakhe,
Iy´ ekhaya lakhe
Ngaphesheya.

Ngaphesheya,
ngaphesheya;
Siyokuphumula,
siyokujabula;
Ngaphesheya,
Ngaphesheya
Nxa sifik´ ezweni
Ngaphesheya.

Nom´ usiholela
nasehlan´ elibi
Wosiphumisela
ngaphesheya
`Mlilo ukhanyisa
nefu lisisitha
Konke kusiyisa
ngaphesheya.

`Nkosi yamakhosi
iyosiholela,
Kwelivam´ inyosi,
ngaphesheya
Siyokudl´ emthini,
siphuz´ emanzini,
Sohub´ eNkosini,
ngaphesheya.

Sesethemba sithi:
Uyosiholela
Siye kwelakithi
ngaphesheya
`Jesu wosophula
mhla sowel´ umfula
Khona siyocula
ngaphesheya.

MALENANELE IZULU

Lenan´ izulu ngeculo lami,
Ngithethelelwe izono zam´!
UJesu wafa `ndaweni yami,
Izono zami zikude nam´;
Njengenhlukano yempumalanga
nentshonalanga, zikude le.
Ushilo njalo, akanamanga;
ngethemba kuye ngimbonga nje.

Sengiyahamba ekukhanyeni
Igazi liyangihlanza, qhwa.
Uyangigcina nasothandweni
Ngiphathwa njalo ngomusa, dwa.

Noma ngiyize la´ othulwini,
ngiyindlalifa yeNkosi le.
Imfuyo yami isezulwini,
igcinwe kahle impela, he!

Nale njabulo esenginayo
ngingeyephucwe nanini qha!
Noma ngihlezi, ngizindla ngayo
imyalo yakhe inzima na?

Uhlala kimi, ngihlala kuye
nguyen´ owenz´ umsebenzi la.
Kozinikela, aphathwe nguye,
uyamnqobela nezitha nya.

Anduba ngiyakumbona khona
ekhaya lakhe, phezulu ha.
Bazokhanyis´ okwelanga bona
abamlandel´ emhlabeni la.

Yebo-ke nawe ongakakholwa
uyabizelw´ enhlanhleni bo;

Lo mus´ ongaka sewungatholwa,
wenele bonke umusa lo.

SIQONDA EKHAYA

Siqonda ekhaya, nithini na?
Masingathiyeki ngalutho la!
Nxa sikholwa lapha, sobona le,
Sohlala noJesu kukuhle hle.

Yebo, bakithi, sombonga, he,
Loduma izulu linkeneze, nke!
UJes´ ufanel´ ubukhosi nje,
Ehe, wodunyiswa phezulu le.

Bodade nabafo, kunjani na?
Uma nikhathazwa, hubani la;
`Khon´ im'thwalo le yoba lula nje,
nobamba kalula indlela-ke.

Bhekani kuJes´ onguMholi-ke,
Nophiwa amandla nguyena, he.
UJesu unathi ngoMoya la,
kepha-ke ngale siyombona, he.

>> UMNDENI WAKWETHU